6. Ama "Tower Gardens"

Ayini ama Tower gardens?

Ama Tower gardens yilolo hlobo lwezingadi ezakhiwele ukonga amanzi, ngokusebenzisa okwesibili amanzi asesebenzile, kanye nokwenza ukukhiqiza izithombo kubelula kubantu abadala. Loluhlobo lwezingadi lubuye lubizwe nge "lazy gardening" okusho ukuthi izingadi ezilula ukuzisebenza. Njengoba kuthiwa ngama Tower gardens, kuchaza ukuthi ziphakeme. Lokhu kwenziwela ikakhulukazi abantu abadala, asikho isidingo sokuthi balokhu begoba uma besebenza. Kuyabasiza ke bona ngoba bahlushwa ngamaqolo. AmaTower gardens ayasondezeka futhi lapho abantu abadala bekwazi ukufinyelela khona kalula.

Yini I "gray water"

Ama "Grey water" yilawomanzi ekade esetshenziswa ekhaya. Ngenxa yokuswelakala kwamanzi emakhaya, amanzi asesebenzile angakwazi ukubuye asesetshenziswe engadini. Indlela yokusebenzisa lamanzi ichazwe kabanzi lapha ngezansi.

Ukusebenzisa amanzi asesebenzile

Ingezikhathi eziningi, amanzi athwalwa ngamakhanda ngezipakupaku ekhiwa kompompi, hayi ngenhloso yokuchelela engadini, kepha yokupheka nokuwasha. Lamanzi angasetshenziswa futhi uma esesetshenzisiwe, ekucheleleni ingadi ngokuiyimpumelelo. Lena yindlela yokonga amanzi. ngokusebenzisa amanzi asesebenzile (grey water) ekuniseleni.

Amaveji atshalwa enhlabathini egxishwe esakeni. Kubhotshozwa izimbobo emacaleni esaka bese kuyatshalwa, bese kuthi, njalo ngosuku uma kukhona amanzi avela endlini ayothelwa kulelisaka.

Amaveji angatshalwa ngokuyimpumelelo ngokuniselwa ngamanzi anensipho! Lensipho ingagezeka ngokuthi uthele amabhakede amabili amanzi ahlanzekile phakathi nendawo kuleTower garden kanye ngesonto.

Lolu wuhlobo lwezingadi zabantu abavilaphayo

Okunye okuhle kakhulu ngaloluhlobo lwengadi ukuthi alufukuzisi kanti futhi aludingi ukuthi umuntu achithe isikhathi esiningi kuzona. Zinhle kakhulu ukuthi zisetshenziswe ngomama ngoba azidingi isikhathi sabo esiningi ngoba bahlala bexakekile. Uma abantu sebewajwayele ama Tower gardens, bakhetha ukuthi bawenze abe semnyango ongemuva ukuze bangalahlekelwa isikhathi esiningi uma bezochitha amanzi asesebenzile.

Kunzima ukuqagela ukuthi kudingeka amanzi angakanani kulezizingadi, lokhu kuzotholakala emuva kwesikhathi. Uma kwenzeka ukuthi kwakheke ichitshanyana laphayana ezansi ne Tower lakho, kungenzeka ukuthi maningi kakhulu amanzi athelwa khona. Lokhu kuzochaza ukuthi kudingeka ukuthi kwakhiwe I Tower lesibili.

Indlela yokwakha I Tower

Indlela I Tower elisebenza ngayo ilula ngalendlela:

- **Inhlabathi** ifakwa phakathi izungeze amatshe, bese kuthi I "shade cloth" isebenze njengesikhumba emaceleni. Phakathi nendawo kubekwa amatshe.
- **Amatshe** apakishwe ngaphakathi yiwona aqondisa amanzi ukuthi ahlale esezingeni elifanele ukuze akwazi ukubhekana nokukhula kwezitshalo.
- **Ingxube yenhlabathi** inikezela imvundo.

Izigxobo

Akubalulekile ukuthi kube yisigxobo kuphela ezifakwa lapha. Ungasebenzisa noma yini enye ezofezwa lokho okwenziwa yisigxobo. Ungasebenzisa amagatsha ezihlahla noma izitandathi, ikakhulukazi uma utshale izitshalo ezifana notamatisi ngaphezulu ezidinga ukusekelwa, ungabuye ulukelele nangocingo.

Indwangu ezungezile

Indlela okhetha ngayo uhlobo lwendwangu ezungezile ibalulekile:

- I - Nylon gunny bags ihlala kuphela iminyaka emibili;
- Amasaka, ***njengoba kuveziwe ezithombeni, zihlala kuphela unyaka owodwa***;
- Amaplastiki amnyama aguga masinyane ikakhulukazi uma eke ahlatshwa yilanga elishisayo;
- I nethi elibizwa ngokuthi yi "Shade netting' lenza umsebenzi ongcono kakhulu.

Kubalulekile ukusebenzisa izintambo ze Nylon noma intambo yokudoba ukuhlanganisa noma ukuthunga lapho kuhlangana khona izinhlangothi zaleli Tower ukuze kube yindilinga kahle njengengilazi yamanzi, njengoba kukhonjiswa esithombeni.

Inhlabathi

- Inhlabathi kufanele ivunde futhi ikwazi ukugcina amanzi.

- Umxube wezingxenye eziyisithupha zenhlabathi, izingxenye ezine zomquba kanye nezimbili zomlotha wezinkuni, yiwona okahle.

- Inhlabathi kufanele yenziwe iswakame kodwa ingagandaywa.

- Amanzi kufanele achelwe enhlabathini angene kahle yonke indawo ukuze afinyelele nakulezondawo ezigangadekile.

Ukugcwalisa

Ukupakisha amatshe ngaphakathi kubaluleke kakhulu. Pakisha kahle amatshe ayizicaba, noma izicucu zamatshe avela endlini endala ediliziwe. Uma kunokwenzeka, sebenzisa amatshe amancane ayizindilinga, inqobo nje uma ezopakishwa ahleleke kahle ukuze amanzi akwazi ukungena yonke indawo ngaphakathi ngokulinganayo.

Luhlobo luni lwamaveji ezingatshalwa kulama Tower gardens?

- Amaveji anamacembe amakhulu (Leafy crops)

  AmaTower Gardens awalungele amaveji anamacembe, ikakhulukazi uhlobo olufana nesipinash, kanti atshalwa ezimbotsheni ezisemacaleni.

  Lezizimbobo kufanele zibesemaceleni esaka futhi zenziwe ngendlela yokuthi leso naleso sithimbo sithole indawo eyanele yokuthi kukhule izimande zaso.

- Utamatisi kanye no anyanisi

  Utamatisi kanye noma anyanisi ungatshalwa ngaphezulu, ngoba lezizitshalo zidinga ukusekelwa ngocingo uma sezikhulile.

❖ Izitshalo ezihambisana nezinye (Companion crops)

Lapho kungenzeka, kubalulekile ukutshala lezizitshalo ukuze kuvikeleke izifo kanye nezinambuzane ngokwemvelo. U *Garlic* kanye *onions* yizona zitshalo ezibalulekile kulokhu.

Okunye okuhle okutholakele ngama Tower gardens yindlela akwazi ukumelana ngayo nokushisa, uma uqhathanisa nengadi ejwayekile. Isizathu salokhu asicaci kahle. Kungenzeka ukuthi umoya ukwazi ukuzungeza yonke indawo kwi Tower garden ngokukhululeka, inhlabathi ephakathi ihlala ipholile, noma mhlawumbe ukuthi kuhlale kunomswakama owenele kuleTower.